I-ULPDO ibinomhlangano wokucobelelana ngolwazi lwemithetho yokuthuthukiswa kwamatemu nemigomo yakho ngomhla ziyi-18-19 kuMbasa 2018 eNyuvesi yaKwaZulu-Natal, esigcemeni sase Westville.

Isithombe sezithameli zomhlangano, uSolwazi uAntia Bassey kanye nabasebenzi base ULPDO

iHhovisi liyaqhubeka nokuba nemihlangano ethuthukisa ulwazi longoti bezilimi ukuze izimiso nemigomo yenqubomngomo yolimi yase Nyuvesi YakwaZulu-Natal zifezeke. Lo mhlangano wokucobelelana ngolwazi ungenye yezindlela ezibalulekile ukuthuthukisa ulimi lwesiZulu futhi ihambiselana nenye yezinhloso yehhovisi i-ULPDO *"Ukugqugquzela, sisize futhi siqikelele ukulandelwa kwezimiso zomthetho ekuthuthukisweni kwamatemu eZilimi Zomdabu"*.

Ukuthuthukiswa kwamatemu esiZulu kudinga ulwazi olunzulu lwenqubomgomo kanye nemithetho egunyazwe umhlaba wonke yokuthuthukisa izilimi, ingakhoke ihhovisi lisebenzisane nongoti onolwazi olunzulu ekuthuthukiseni izilimi futhi oyaziyo lemithetho esikhulume ngayo ngenhla, uSolwazi uAntia Bassey osemkantshubovu kulomkhakha. USolwazi uAntia Bassey ucobelele izithameli zalomhlanga ngolwazi lokubaluleka kokusebenzisa lemithetho ekuthuthukiseni izilimi zomdabu ikakhulukazi lwesiZulu ikakhulukazi ekwakhiweni kwamatemu asezingeni elamukelekile umhlaba wonke.

Isifundo sakhe besinohlonze futhi sinike izithameli zalomhlangano ithuba lokuthi zikhululeke futhi zibe ingxenye ngokubuza nokubeka imibono ngokungesabi. Lo mhlangano ubuthanyelwe ongoti bolimi lwesiZulu abasebenza ezikhungweni ezahlukahlukene singabala kuzo, ibhodi lokuthuthukiswa kwezilimi i-PanSALB, abasebenzi bomnyango wezilimi ePhalamende lase Ningizimu Afrika, isishayamthetho sakwaZulu-Natal, i-university of Zululand (Ungoye), iNyuvesi laKwaZulu-Natal, i- University of Technology (DUT), abasebenzi basenkantolo i-CCMA, abasebenzi base RAF, uMnyango wamaSiko noBuciko waKwaZulu-Natal, abasebenzi bomnyango wezilimi kuMasipala waseThekwini, izikhungo ezizimele ezithuthukisa ulimi kanye nezishoshovu zolimi ezizimele.

Esephetha uSolwazi ugcizelele ukubaluleka kokusebenzisa lolu hlaka lwemithetho ekwakhiweni kolimi lwesiZulu ukuze sibe sezingeni elilinganayo nezilimi zonke emhlabeni jikelele. Umhlangano ube impumelelo. USolwazi wamukelise bonke abebethamele lo mhlangano ngezitifiketi zokuba ingxenye yomhlangano.